NATIONAL SENIOR CERTIFICATE EXAMINATION
MAY 2022

ISIZULU ULIMI LOKUQALA LOKWENGEZA: IPHEPHA II
ISIZULU FIRST ADDITIONAL LANGUAGE: PAPER II

Isikhathi: Amahora ama-2½ Amamaki ayi-100

QAPHELA LOKHU OKULANDELAYO

1. Leli phepha linamakhasi ayi-10. Qiniseka ukuthi nelakho liphelele.
2. Leli phepha lineziqephu EZIMBILI.
3. Phendula ZOMBILI iziqephu.
4. Izinombolo zezimpendulo zakho mazibe njengasephepheni, UNGAZIGUQULI.
5. Ungaqala nganoma yisiphi isiqephu kodwa kufanele imibuzo yeziqephu ungayixovi.
6. Qala umbuzo omusha ekhasini elisha.
7. Bhala ngokucacileyo nangobunono ukuze kube lula ukumaka umsebenzi wakho.
8. Phendula yonke imibuzo ngesiZulu esihle.

IEB Copyright © 2022

ISIQEPHU A *IQONDE KUPHI LE NDLELA* – SIKHUMBUZO XABA

Lesi siqephu sinoMbuzo 1, 2, 3, no-4.

- **Phendula yonke imibuzo.**
- **Qala yonke imibuzo yalesi siqephu ekhasini elisha.**
- **Uzothola amamaki kulokhu okulandelayo:**
  - **ulwazi lwendaba**
  - **ukwethula umbono wakho uwusekele kahle**
  - **ukubhala inani lamagama**
  - **isipelingi esihle**
  - **ulimi oluhle**

UMBUZO 1

Funda isigaba esicashunwe emdlalweni **'*IQONDE KUPHI LE NDLELA*'.** Phendula imibuzo engezansi.

(Kusefulethini likaZama. UMzwakhe usevele wangena ngaphakathi esebenzisa isikhiye ayesisebenzisa uma evakashile. Amaphoyisa angenisane naye.)

PHOYISA 1: Ungabe usanyakaza. Uma uke wathi nyaka kuzoduma **izulu lezandla** sigelekeqe ndini!

MZWAKHE: *(Ekhala)* Madoda ngenzeni? Mina ngivakashele intombi yami lapha.

PHOYISA 2: Thula sikhohlakali ndini! Kanti nawe uyakwesaba ukufa? Thwala izandla ekhanda bese ubheka lena. *(Enze njengoba kushiwo)*

PHOYISA 1: *(Limfaka ozankosi)* UKK uzokujabulela ukukubona, kade akugcina.

MZWAKHE: *(Esakhala)* Angimazi lo KK enikhuluma ngaye.

PHOYISA 2: *(Limbhuqa)* Hho, kusho ukuthi wazi uSpider noLumumba kuphela.

MZWAKHE: *(Ziyime emthumeni)* Nab … Usho uSpid … Angibazi lab … Mina … mi …

PHOYISA 1: Awubheke, kuhluleka ukukhuluma manje. *(Limdonsa)* Shesha sigebengu sihambe. Isikhathi sihambile, iseyinde indlela.

(Baphume bahambe naye elokhu echiphiza izinyembezi)

[Sicashunwe esigcawini 17, ekhasini 186–187]

IEB Copyright © 2022

1.1 Qondanisa **IKHOLOMU A neKHOLOMU B**.

Isibonelo: (e) (vii)

IKHOLOMU A		**IKHOLOMU B**	
(a)	UKK	(i)	Iphoyisa laseMpangeni.
(b)	UZondi	(ii)	Umfundi owayeyisigebengu.
(c)	USpider	(iii)	Isigebengu esasiza ukubulala uThemba.
(d)	ULumumba	(vi)	Iphoyisa eliyisigebengu.
		(v)	Isigebengu esingumholi wezigebengu.
		(vi)	Isigebengu esasisiza ngokugaya imali yomgunyathi.

(2)

1.2 Yini **izulu lezandla**? (1)

1.3 Wayezokwenzani uMzwakhe efulethini le ntombi yakhe? Chaza. (2)

1.4 Uyazwelana yini nokuboshwa kukaMzwakhe kulo mdlalo? Sekela impendulo yakho. (2)

1.5 Funda lokhu okungezansi. Bhala impendulo ezoba ngamagama **angama-60 kuya kwangama-80** ngokulandelayo.



Isihloko salo mdlalo sithi;
"Iqonde kuphi le ndlela?"

- Iyiphi le ndlela futhi ubani umlingiswa omkhulu owayehamba le ndlela? (1)
- Uma ucabanga yiziphi izizathu ezazenza lo mlingiswa ahambe le ndlela? (2)
- Le ndlela abeyihamba yaphetha/yaphela kanjani? (1)
- Yini wena oyitholile ngokuhamba lolu hlobo lwendlela? (2)

Ulimi nohlelo (1)
Inani lamagama nokulibhala (1)
[15]

IEB Copyright © 2022

UMBUZO 2

Funda la mazwi acashunwe emdlalweni bese uphendula imibuzo. Bhala impendulo ngezigaba. Phendula ngamagama asukela **kwayi-100 kuya kwayi-120**.

KK: (*Ehleka*) Awumazi wena ukuthi uyisiphukuphuku kangakanani uSayitsheni Zondi! OZondi laba amaphoyisa azogcina ngokubopha abantu abaphuza utshwala ezindaweni zomphakathi. Ngeke nje aze akwazi ukuxazulula amacala obugebengu obufana nalobu esibenzayo.

[Sicashunwe esigcawini 10, ekhasini 160-161]

- Chaza kabanzi ngoKK nobugebengu abenzayo. (3)
- Bhala ngezizathu zokungabanjwa kukaKK kalula. (2)
- Umthelela wokungaboshwa kwezigebengu ezifana noKK. (2)
- Bhala ngesiphetho salo mdlalo ubhekise ikakhulukazi kuKK. (3)
- Okuthandile ngalesi siphetho. (3)

Ulimi nohlelo (1)
Inani lamagama nokulibhala (1)
[15]

IEB Copyright © 2022

UMBUZO 3

Bhala **ingxoxo** ezoba ngamagama **ayi-130 kuya kwayi-150**.

Bhala **ingxoxo** phakathi kukaZama noThandi emva kokuboshwa kukaMzwakhe. Bakhuluma ngakho konke okwenzekile: ubudlelwano babo noMzwakhe, izenzo zikaMzwakhe zobugebengu, kanye nekusasa labo.



[<www.google.com>]

Amamaki:

Ingqikithi (okusendabeni = 7 / okwakho = 3)	(10)
Isakhiwo	(2)
Ulimi nohlelo	(2)
Inani lamagama nokulibhala	(1)
	[15]

IEB Copyright © 2022

UMBUZO 4

Funda lesi sitatimende esingezansi. Bhala **i-eseyi** ezoba ngamagama **ayi-180 kuya kwangama-200**. I-eseyi yakho mayihlukaniseke **ngezigaba**.

Izinqumo esizithatha sisebasha/siseyizingane zingaba nomphumela omubi ezimpilweni zethu. Bhala **uqhathanise** laba balingiswa; uMzwakhe noZama.

Isingeniso

- Bhala umbono wakho ngesitatimende. (2)

Ingqikithi

- Chaza laba balingiswa. (4)
- Veza okufanayo nokuhlukile phakathi kwabo. (4)
- Izinqumo ezathathwa uZama nemiphumela yazo. (4)
- Izinqumo ezathathwa uMzwakhe nemiphumela yazo. (4)

Isiphetho

- Okufundile ngabo/ngothando lwabo. (3)

Isakhiwo (1)
Ulimi nohlelo (2)
Inani lamagama nokulibhala (1)
[25]

Amamaki angama-70

IEB Copyright © 2022

ISIQEPHU B UKUBHALA NOKWETHULA

Lesi siqephu sinoMbuzo 5 noMbuzo 6.

- Qala yonke imibuzo yalesi siqephu ekhasini elisha.
- Uzothola amamaki kulokhu okulandelayo:
  - **Isakhiwo esifanele**
  - **Ithoni nerejista efanele**
  - **Ulimi oluhle**
  - **Isipelingi esihle**
  - **Ingqikithi enhle**
  - **Ikhono lokuziqambela**
  - **Ukubhala inani lamagama**

UMBUZO 5

Phendula uMbuzo 5.1 **NOMA** uMbuzo 5.2. Bhala amagama **ayi-150 kuya kwayi-180**.

5.1 **Incwadi yokuncoma/ukubonga**

Unyaka ka-2021 ubunzima ngenxa yezinselelo ezidalwe i-COVID-19 kodwa wena ukwazile ukuphumelela umatikuletsheni. Bhalela uthishanhloko **incwadi yokuncoma/ukubonga** isikole sakho ngomsebenzi omuhle esiwenzile.



[<www.google.com>]

Bhala **incwadi** yakho ufake lokhu okulandelayo:

- Okwenziwa isikole ukuvikela izingane nokunciphisa i-COVID-19.
- Izinto ezashintsha esikoleni sakho ngenxa ye-COVID-19.
- Ukuvalwa kwezemidlalo, umculo neminye imicimbi.
- Indima (*the role*) edlalwe ezobuchwepheshe ngesikhathi se-COVID-19.
- Ikusasa lakho ngenxa yosizo lwesikole.

IEB Copyright © 2022

Amamaki:

Ingqikithi	(10)
Isakhiwo	(7)
Ulimi nohlelo	(2)
Inani lamagama nokulibhala	(1)
	[20]

NOMA

5.2 **Amaminithi omhlangano**

Wena ungunobhala wenhlangano yentsha yangakini. Inhlangano ifisa ukwenzela izintandane (*orphans*) umcimbi kaKhisimuzi ezingasoze ziwukhohlwe. Bhala **amaminithi** omhlangano.



[<www.google.com>]

Bhala **amaminithi** akho afake lokhu okulandelayo:

(Emaphuzwini akho azivele **iziphakamiso kanye nesinqumo**)

- Izindlela zokuthola/zokuqoqa imali.
- Okuzokwenziwa ngemali eqoqiwe (ukulungiswa kwekhaya lezintandane, ukuthengwa kwezipho, ukuqashwa kwezinto zokujabulisa izingane, njll.)
- Okuzokwenzeka ngosuku lukaKhisimuzi (uhlelo losuku, ukuya esontweni, ukuvulwa kwezipho, ukupheka, njll.)

Amamaki:

Ingqikithi	(10)
Isakhiwo	(7)
Ulimi nohlelo	(2)
Inani lamagama nokulibhala	(1)
	[20]

IEB Copyright © 2022

UMBUZO 6

Khetha uMbuzo 6.1 **NOMA** uMbuzo 6.2. Bhala amagama **angama-60 kuya kwangama-80**.

6.1 I*Facebook*

Umngane wakho ufake/ubhale lokhu okulandelayo **kwi-*facebook*** yakhe ezinkundleni zokuxhumana. Wena nabanye abangane bakhe **abane**, bhalani niveze imibono yenu ehlukene ngalokhu.

'Awudingi ukufunda ukuze uphumelele'



[<www.shutterstock.com>]

Ingqikithi (5)
Isakhiwo (2)
Ulimi nohlelo (2)
Inani lamagama nokulibhala (1)
[10]

NOMA

6.2 **Ikhadi lesimemo**

Umngane wakho uthole ithuba lokuyofunda kwesinye sezikole esiphezulu/esizimele. Wena nabangane bakho nifisa ukumenzela umcimbi wokumvalelisa. Bhala **ikhadi lesimemo**, umeme abangane nezihlobo.



[<www.google.com>]

Ingqikithi	(5)
Isakhiwo	(3)
Ulimi nohlelo	(1)
Inani lamagama nokulibhala	(1)
	[10]

Amamaki angama-30

Amamaki esewonke: 100

IEB Copyright © 2022